

# INKULUMO YESABELOMALI 2019/20

UHULUMENI WENTANDOYENINGI WEHLANDLA  
LESI 6



UMHLONISHWA

**UMNUZ. RAVIGASEN RANGANATHAN PILLAY,  
ILUNGA LESISHAYAMTHETHO**

UMphathiswa wezeziMali



*INkulomo yeSabelomali yoMphathiswa wezeziMali umHlonishwa uMnuz. R. R. Pillay mhla zi 9 kuNtulikazi 2019:  
UkuVuselelwa kweSabelomali seMTEF sika 2019/20 esiShayamthetho*

## **INKULUMO YESABELOMALI – KA 2019/20**

ISBN No.: 1-920041-50-8

Ukuze uthole amanye amakhophi alo mqulu, sicela uthinte:

Provincial Treasury

5<sup>th</sup> Floor

Treasury House

145 Chief Albert Luthuli Road

Pietermaritzburg

3201

P.O. Box 3613

Pietermaritzburg

3200

Tel: +27 (0) 33 – 897 4310

Fax: +27 (0) 33 – 897 4617

## **ISIFUNDAZWE IKWAZULU-NATAL**

**Inkulomo yeSabelomali nguMhlonishwa uMnuz. Ravigasen Ranganathan Pillay,  
onguNgqongqoshe wezeziMali,**

**Evuselela iSabelomali seMTEF ka 2019/20 esiShayamthetho sesiFundazwe**

**09 July 2019**

Somlomo oHloniphekile

MaLungu aHloniphekile

ZiNhloko zemiNyango

Zikhulu eziPhezulu eziLawula ukuPhathwa kweziMali

Nhloko yoMnyango kaMgcinimafa kanye nabaSebenzi boMnyango abakhona

AbezamaBhizinisi, AbezeMfundu, Abezenkolo kanye nabaHoli boMphakathi

AbemiThombo yeziNdaba

Bafowethu noDadewethu

BoZakwethu nabaNgane

### **ISINGENISO**

Sethula lesi sabelomali ngesikhathi isifunda sethu singaphansi komuzwa omuhle. Lo muzwa wenziwa ukubonisa ukuzimisela kwalo hulumeni wehlandla lesithupha njengoba usuveze uhlelo olunqala oluLanganisa wonke umuntu lokukhulisa umnotho nokuguqula inhlalo yabantu, ukulwisana nobugebengu nokukhuphula isivinini sokuhlinzeka izidingo kabantu.

Uhamba phezulu kwalo muzwa, uMnyango kaMgcinimafa wesiFundazwe noyisikhungo umsebenzi waso okungukuqapha izimali zesifundazwe, uzimisele ukudlala indawo yawo yokwakha isizinda esilungele ukutshalwa kwezimali nokwakha amathuba emisebenzi.

Singuhulumeni wesifundazwe sizimisele kakhulu kunakuqali ukuqhube ka nokuziphatha ngendlela kwezokuphathwa kwezimali nokulandela uhlelo lukahulumeni lokunciphisa izindleko. Eminyakeni eyisishiyagalombili eyedlule, lesi sifundazwe asikaze siphambuke kwisabelomali saso ngesilinganisa esiyi 1% futhi lokhu kuzoqhubeka. Ezinhlelweni zethu zokusebenza ayikho indawo yokukhwabanisa nenkohla kanjalo futhi nokwehluleka.

Ishoshozela IamaLungelo abaNtu elazuza indondo iNobel Prize, uRigoberta Menchú, uyasikhumbuza ukuthi "Uma zingekho izikhungo zokuqapha ezinamandla, kuphenduka kwampunz'idla emini bese kudlondlobala inkohlakalo. Kanjalo futhi uma kuqhubeka lesi simo sokona kwabantu bangajeziwa, imizamo yokunqanda inkohlakalo iba yize."

Siyazi ukuthi njengoHulumeni wesiFundazwe kufanele sibe yisibonelo esihle ngoba esikwenzayo kunomphumela othinta ngqo izimpilo zabantu bakithi. Endleleni yethu yokususa

izinselelo esibhekene nazo, sizobheka izindlela ezintsha zokwenza kodwa ngeke sibe budedengu, sizobuka ngeso elidephile, kodwa ngeke seqe imikhali, sizofuna ukwenza okukhulu kodwa sizoqinisekisa ukuthi senza esingakukhona.

Imisebenzi yethu njengoMnyango kaMgcinimafa wesiFundazwe kufanele idlulele kuleyo yokugcinwa kwamabhuku. Sizogxila kakhulu emgomweni wokuthi kube nokusizakala ngemali ekhokhiwego. Sizofuna ukubona ukuthi imali ekhokhiwe inomthelela ongakanani emphakathini kanti futhi kuyahambisana yini nezinhlosongqangi zethu.

Les isabelomali sivuselela uMthethosivivinywa woKwabiwa keSabelomali kwiMTEF ka 2019/20 eyethulwa mhlaka 7 March 2019 yilowo owayephethe lo mnyango ngaphambili kokufika kwami. Ngizochaza ngohlaka lomthetho walokhu kuvuselela ngokuqhubeka kwesikhathi. Lokhu kuyinto entsha kwingxene enguhhafu kumaLunga ale Ndlu.

Ekuvuseleleni lo Mthethosivivinywa woKwabiwa kweziMali, siyazi ukuthi abantu bakithi bajahé kanjani ukuthi kuhlinzekwe izidingo, futhi siyazi okuyimikhawulo ngaphakathi kuhulumeni nangaphandle uma senza lo msebenzi.

Kungazo lezi zikhathi ezinzima lapho ubuqotho bezwe kanye nabaholi balo buvivinyeka khona. Ngeshwa lesi simo sibuye sibe nemiphumela yokutusa abantu abathize abahamba bethembisa izisombululo ezisheshayo ezinkingeni ezinzima. Ngeke siyihambe leyo ndlela. Abantu bakithi babeke amathemba abo kithi, ngeke sivume ukudlala ngemizwa yabo.

Njengoba uMengameli Ramaphosa esixwayisilengesikhathi ephendula kwinkulumompikiswano yeSONA wathi njengoba isimo esibhekene naso manje sidinga ukuthi sibukwe ngeso elibanzi futhi silungiswe ngokushesha, azikho izisombululo ezisheshayo.

Uma sicaphuna amazwi kaMengameli Ramaphosa “Manje yisikhathi sokugxila ekwenzeni umsebenzi. Yisikhathi sokukhetha. Okunye kwalokhu esizokukhetha kungaba nzima kanti okunye ngangenzeka kungabaphathi kahle abanye ... esikhathini lapho izimali kuhulumeni zingenele, ngeke sikwazi ukwenza konke kanye kanye.”

ENkulumeni yakhe ayethulele isiFundazwe, uNdunankulu Sihle Zikalala uchaze ngokucacileyo izinselelo esibhekene nazo KwaZulu-Natal. Kulokhu sibala amazing aphezulu okwentuleka kwamathuba emisebenzi, yizindleko zokuphila ezingabekezeleki kulabo abasebenzayo, isimo esibi kohulumeni basekhaya kanye nokukhula kwezinhlupho emphakathini ezifana nokusetshenziswa kwezidakamizwa nodlame ezikoleni.

Mhlonishwa uNdunankulu, siyakhuthazeka yisimemezelo sakho osenze ngeSOPA esithi kuzogxilwa kakhulu kohulumeni basekhaya, ikakhulukazi kulabo abadonsa kanzima.

Umbiko wakamuva komasipala wonyaka opethe ngo June 2018 uyakhathaza njengoba uveza isithombe esibi ngokuphathwa kwezimali komasipala bethu. Yisithombe esikhombisa ukuthi iba mibi imiphumela yokucwaningwa kwamabhuku ezimali, ukuba kubi ekuchazeni ngokuphatha, kanye nesimo esibi ekusebenziseni izindlela zangaphakathi zokulawula.

UMcwaningimabhuku Jikelele uveze ukuthi kuyekiwe ukulandelwa kwezindlela ezibalulekile zangaphakathi zokulawula komasipala abaningi eKZN. Ngokuba uhulumeni wasekhaya uhlinzeka izidingo ngqo emphakathini, siyazi ukubaluleka kwavo, ngakho-ke uMgcinimafa wesiFundazwe uzophinde ugxile kuleli zinga lezokubuswa kwezwe.

Njengokuthunywa wuNdunankulu, sisebenzisana noCogta sizohlanganisa uhlelo lokungenelela silungise lolu daba. UNdunankulu ukusho kwacaca kithina ukuthi kubalulekile ukuthi uma kukhona okungenzekile ngendlela, labo abathintekayo kufanele babhekane nemiphumela yalokho njengesixazululo yenkinga.

Ngokusebenzisa uPhiko IoMnyango kaMgcinimafa wesiFundazwe lokuLekelela oMasipala, sizoqhubeka nokulekelela omasipala siphinde sibalekelele ngosizo lobungoti ukuze bakwazi ukusebenza belandela uMthetho oLawula ukuPhathwa kweziMali koMasipala neminye imithetho efanele.

UMthetho oLawula ukuPhathwa kweziMali koMasipala neminye imithetho yezokuphatha kkuleli zinga likahulumeni iyalela uMgcinimafa ukuthi enze imisebenzi ethile mayelana nalolu daba.

Ngokusebenzisa uphiko IwezokuThenga impahla kaHulumeni, uMgcinimafa wesiFundazwe uzoqhubeka nokulekelela ngokuhlolola ukuthi imithetho iyalandelwa yini yiminyango kahulumeni, omasipala kanye nezikhungo zikahulumeni ukusiza ukwehlisa Ukusetshenziswa kweMali ngendlela engafanele uma kuthengwa impahla nezidingo nguhulumeni.

Sizophinde siqinise izinhlelo zokulwa nemikhonyovu nenkohlakalo eyenziwa ngesikhathi kuthengwa imphala nguhulumeni siphinde sisebenzise ngokomthetho uhlelo lukahulumeni lokuthenga ukuqinisekisa ukuthi kuhlomula bonke abantu uma kukhuliswa umnotho.

Kulokhu kokugcina, sizoqinisekisa ukuthi kuqondwa ngokuphelele futhi kuyenzeka ukusetshenziswa kohlelo iPreferncial Procurement Regulations of April 2017. Le mitheshwana igunyaaza futhi ilekelele ukuthi izinhlelo zokuthenga nezikhungo zikahulumeni zenze lokhu kulandelayo:

- Zikhulumisane nalowo othole inkontileka yokwenza umsebenzi ukuthi ehlise inani alibizile ukuze lihambisane nelezimakethe, kanti uma izingxoxo ebezenziwe ngendlela efanele, zingaphumeleli izikhungo zingaqhubekela komunye olandelayo zioxo naye. Ohlelweni lwethu lokuqapha bese kubuyekezwa ukusebenza kufanele sense uhlelo lokukala ukuthi usebenza ngendlela efanele yini lo mtheshwana.
- Ukuqinisekisa ukuthi kuthuthukiswa amabhizinisi amancane kulolu hlelo lokuthenga.
- Ukusebenzisa ukuthi kusetshenziswa umklamo wezindawo, neminye imibandela, njengohlelo lokwemukwa, ukuze kuguqulwe umnomtho.
- Ukusebenzisa uhlelo ologunyaaza kuqala ezinhlobeni ezithize zemisebenzi ukuze imikhakha yabantu abahlonziwe ngokohelo IweB-BBEE, Exempted Micro

Enterprise (EME) noma Qualifying Small Enterprise noma ngaphansi kombandela wokusebenzisana nama-EME noma amaQME okungenani u 51% wawo ophethwe yiNtsha eMnyama, abesiFazane abaMnyama, abaNtu abaPhila nokuKhubazeka, abantu abaphila ezindaweni zasemakhaya noma ezintula intuthuko noma emalokishini, imifelandawonye kanye nalabo ababengamasosha ayelwela inkululeko.

- Ukuhlinzeka imisebenzi ngokulawulwa umgomo wokusebenzisa imikhiqizo yasendaweni
- Ukubeka umgomo wokuthi othole umsebenza asebenzisane nosonkontileka abancane ukwenza umsebenzi.

MaLunga ale Ndlu ebalulekile, sizophinde siqaphe ngeso elibanzi ukuqalisa kokusebenza kweMunicipal Cost Containment Regulations njengoba yashicilelwa nguMgcinimafa kaZwelonke kusukela ngo June 2019.

Le mitheshwana iqonde ukufuqa izindlela ezinhle zokubusa nokuphatha izimali komasipala nasezikhungweni zomasipala ngokuqedu ukumoshwa kwezimali ezintweni ezingahambisan i nokuhlinzekwa kwezidingo.

Nakuba umsebenzi wokuqinisekisa ukuthi lokhu kuyenzeka wenziwa uCogta, sizosoba seduzane ukuqinisekisa ukuthi le mitheshwana emisha iyasetshenziswa ngaphansi kohlaka lokubusa ngokubambisana.

Kule minyaka emihlanu ezayo sizosebenza silandela inhlosongqangi zikhulumeni. Izinhlosongqangi yilezi:

- Ukuguqulwa komnotho nokudalwa kwamathuba omsebenzi
- Ezemfundu, amakhono nezempiro
- Ukuhlinzekwa kwezidingo kubukwa ezamaholo
- Ukuhlinzeka izindawo ezifanele nokuhlaliswa kwabantu
- Ukwakha ubumbano nezokuphepha emphakathi
- Umbuso osebenzayo, oqotho, nothuthukisa umphakathi
- I-Afrika nomhlaba ongcono

Kulezi nhlosongqangi ezinkulu kutholakala eziqagulwe eNkulomweni kaNdunankulu yesiFundazwe. Lezi zizogqama lapho iminyango yethula khona izabelomali zayo. Yonke iminyango isebezelu phozulu kwalezi zinhlosongqangi kanti sinethemba lokuthi sibhekane nemiphumela yalokhu uma sekwethula isabelomali esibuyekeziwe ngasekupheleni kwalo nyaka.

Siyavumelana noNdunankulu uma ethi: "Kunjalo, sibhekene nobunzima obukhulu nezinselelo ezinginda umphakathi ngakwezomnotho. Kepha asingabazi ukuthi ngempokophelo yethu yokufinyelela enkululekweni, kwintandoyeningi nentuthuko, sizonqoba. Nomakanjani, ukukhanya kuzonqoba ubumnyama, ubuhle kuzogqama ngaphezu kobubi, ubungane

nokuzwelana nobuntu kuzonqoba umona nokuxhaphaza, njengoba ukukhula nenala kumele kwehlule ukungathuthuki nokonakala komphakathi. Ngokuba inkambo yethu ngefanele futhi siphokophele ukwenza okuhle, asingabazi ukuthi sizonqoba.”

### ***Isimo Somnotho***

Isikhwama esaziwa nge-International Monetary Fund (IMF)<sup>1</sup> kanye neBhange loMhlaba (World Bank) baqagule ukuthi isimo somnotho emhlabeni sizokhula ngo 3.3% no 2.9%, kulandelana ngo 2019, kanti lezi zikhungo ziqaqule ukuthi ukukhula komnotho waseNingizimu Afrika kuzoba phansi, cishe kube ku 1.2%. Kwikota yokuqala ka 2019, umnotho waseNingizimu Afrika unciphile ngokwevile ku 3% uma kuqhathaniswa nekota yokugcina. Lokhu kwenza kabi komnotho kuyamaniswa nokucishwa kukagesi, isiteleka sabasebenzi basezimayini zegolide, namazinga aphansi okutshalwa kwezimali. Kwaba nokwehla okukhulu ekusebenzeni kwezimboni zezimayini, ezemikhiqizo nezolimo, nokwanciphisa imikhiqizo yakuleli ethunyelwa kwamanye amazwe. Lokhu kungumphumela omubi ekukhuleni komnotho womhlaba ngenxa yezimpi zohwebo phakathi kwe-America ne-China. Kumanje, leli lizwe libambe umoya njengoba kuzongena imiphumela yokusebenza komnotho ngekota lesibili lonyaka.

IKwaZulu-Natal ayisindanga ekukhinyabezeke ni komnotho njengoba umnotho wesifundazwe ukhula ngesivinini esingaphansi kakhulu kuka 5% owawubekwe wuHlelo lokuKhulisa nokuThuthukisa isiFundazwe. Phakathi kuka 2011 no 2017, umnotho waseKZN ukhule ngo 2%. Kuqagulwe ukuthi umnotho wesifundazwe uzokhula ngo 1.8% kulo nyaka.

IKZN ibe nesibalo esikhulu sabantu abangalibambi iqhaza kwezomnotho ababalelw ku 3.5 million ngekota lesine ku 2018.

Ngekota lesine ku 2018 isifundazwe ubunesibalo esiphezulu sabantu abangasebenzi (41.3%). Kanti ukwentuleka kwamathuba emisebenzi esifundazweni kudla lubi komasipala bezifunda basezindaweni zasemakhaya ngenxa yobuncane kwemisebenzi, ukwentuleka kwezingqalasizinda zomnotho kanye namazinga aphezulu okuswelakala kwabasebenzi abanamakhono, phakathi kokunye.

UNdunankulu oHloniphekile, uSihle Zikalala, usinike uhla Iwezinhllosongqangi okufanele sigxile kuzo.

Njengoba singena kulesi sahluko esisha siqala ukugxila izinhlosongqangi zethu ezintsha, isiGungu esiphezulu sesiFundazwe kuzofanele sizobonisane ukuthi izofakwa kanjani imali kwizinhlosongqangi ezintsha. Eziningi kuzo kuzofanele zithole imali ngokuthi kuhlelwe kabusha isabelomali zeminyango esezikhona, kanti ezinye uma kwenzeka kubhekwe ukuthi zingetholelw yini imali eyisongezo uma sekwenziwa iSabelomali esibuyekeziwe ezinyangeni ezimbalwa ezizayo.

## **Ukuvuselela komthethosivivinywa Wokwabiwa kwezimali ngo 2019/20**

Ukuze lo hulumeni uyakwazi ukuqhubeka nokusebenza, kufanele siqinisekise ukuthi isabelomali esithulwe kule Ndlu mhla ka 7 March 2019, siyaphasiswa nokuthi uMthethosivivinywa waso uyavuselela ekuhlaleni kwesiShayamthetho sesithupha. Umthetho ongu nombolo 250 wesiShayamthetho ukubeka ngokusobala ukuthi yonke imisebenzi yale Ndlu okanye yamaKomidi esiShayamthetho iphelelwa yisikhathi ngokuphela kosuku. Ngamanye amazwi, umthethosivivinywa owethulwa mhlaka 7 March waphelelwa yisikhathi. Kungakho-ke le Ndlu inesibophezelo sokuvuselela lo mthethosivivinywa.

Ngesikhathi unqongqoshe obekhona ngaphambili kwami ethula isabelomali sika 2019/20 kule Ndlu, kwakungaphambili kokhetho. Ngakho-ke izinhlelo zokwethulwa kzesabelomali aziqedelwanga ngoba iNdlu yase ihlakaziwe. Njengoba lokhu kwakulindelekile, kusetshenziswe isiGaba 29 wePFMA ogunyaza iminyango ukusebenzia izimali eziHlinzekwe kuyo ngumthethosivivinywa ngaphambili kokuthi isabelomali sigunyazwe yisiShayamthetho. IsiGaba 29 siyalela izifundazwe ukuthi ziphasise ama-Direct Charges Act zawo. Lokhu kwenzeka ngo 2002 mhla kuphasiswa iKwaZulu-Natal Direct Charges Act No. 4. Lo mthetho, uma ufundwa kanye nisiGaba 29 sePFMA, kuniyeza iminyango yezifundazwe kanye nezikhungo zikahulumeni isisekelo sezomthetho sokuqala ukusebenzia izimali ezabelwe zona ngaphambili kokuphethulwa kohlelo IwesiShayamthetho lokuphasisa isabelomali. IsiGaba 29 (2) sePFMA sithi imali engaba u 45% ehlizrekwe kwiSabelomali ingasetshenziswa ezinyangeni ezine zokuqala konyaka. Uma kusetshenziswe isikalo semali eyayabiwe kwiSabelomali sonyaka owedlule, bese sihlizkela ukuthi kungasetshenziswa u 10% ngapezulu ezinyangeni ezilandelayo, kodwa kwenziwa lokhu kusetshenziswa imali eyabiwe ngonyaka owedlule.

Ngokuvuselela lo mthethosivivinywa namhlanje, sithatha igxathu elilandelayo lokuphethula umsebenzi owaqala ngo 7 March 2019. Umsebenzi wanamhlanje uzolandelwa ukwethulwa kwezabelomali zeminyango ngamunye eKomidini lale Ndlu, ngokomthetho wesiShayamthetho 224 (1) (b), okuzolandelwa yinkulumompikiswano yesabelomali somnyango ngamunye. Lokhu kuzophetha ngeNkulumompikiswano yeSabelomali seminyango engu 15, bese kuvotelwa umthethosivivinywa weSabelomali.

## **UHLAKA LWEZIMALI**

Isabelomali engisethula namhlanje sibekwe ngokufingqiwe kuleli thebulu elingezaasi elikhomba ukuthi iKwaZulu-Natal ithola imali enguR106 billion evela kuzweloneko ngo 2019/20, bese kwengenza uR21.1 billion oyisibonelelo esinemibandela. Imali eqoqwe yisifundazwe inguR3.7 billion. Lokhu kusho ukuthi isamba sikaR130.9 billion ekhona KwaZulu-Natal ukwenza izinhlelo nemisebenzi ehleliwe bese kufezekiswa nezethembiso esizenzile kubantu balesi sifundazwe. Kule samba sikaR130.9 billion, imali engangoR130.5 billion yabelwe iminyango engu 15, bese kuthi imali engu R400 million ibekwe esiKhwameni esiHlinzekela iziMo ebezingaLindelekile. Njengoba ukuhlela imali ezogcinwa kulesi sikhwama sekuyinto ejwayelekile kulesi sifundazwe, isamba sibe nguR400 million, nakuba kwakwabiwe imali ecishe ibe uR650 million ngonyakamali owedlule. Ngizokuchaza lokhu maduzane.

**Summary of provincial fiscal framework**

R thousand	2019/20	2020/21	2021/22
<b>1. Receipts</b>			
<b>Baseline allocation</b>			
Transfer receipts from national	129 942 556	139 282 630	145 743 551
Equitable share	126 592 950	135 809 018	142 078 890
Conditional grants	106 363 502	113 997 676	120 267 548
Provincial own receipts	20 229 448	21 811 342	21 811 342
<b>Increase / (Decrease) in allocation</b>	<b>603 773</b>	<b>(605 523)</b>	<b>1 378 286</b>
Transfer receipts from national	558 211	(657 919)	1 343 044
Equitable share	(349 213)	(627 711)	56 443
Conditional grants	907 424	(30 208)	1 286 601
Provincial own receipts	45 562	52 396	35 242
<b>Revised allocation</b>	<b>130 874 221</b>	<b>139 009 436</b>	<b>147 121 837</b>
Transfer receipts from national	127 151 161	135 151 099	143 421 934
Equitable share (after update of formula data and additions)	106 014 289	113 369 965	120 323 991
Conditional grants	21 136 872	21 781 134	23 097 943
Provincial own receipts	3 395 168	3 526 008	3 699 903
Provincial cash resources	327 892	332 329	-
<b>2. Planned spending by departments</b>	<b>130 474 221</b>	<b>138 707 191</b>	<b>146 621 971</b>
<b>3. Contingency Reserve</b>	<b>400 000</b>	<b>302 245</b>	<b>499 866</b>

Sinciphiswe kibili isabelomali sakwaZulu-Natal. Ukubuyekezwa kwesibalo sabantu abakulesi sifundazwe kwenze indlela elandelwayo ukwaba izimali yehlise isabelo sesifundazwe ngoR444.6 million, uR706.6 million, kanye noR1.3 billion kuleminyaka emithathu yokwabuwa kwezimali. Kubalulekile sisho ukuthi lo sekungunyaka wesikhombisa ilandelana lesi sifundazwe sincishiselwa isabelomali ngenxa yokwehla kwesibalo sabantu. Ukwengeza, uMhlonishwa uMengameli Ramaphosa, umemezele ukuthi kuzoba kuncane noma kungabikhona nhlobo ukwenyuswa kwemiholo kulabo abaphethe izikhundla zikahulumeni. ONdunankulu, Amalungu eziGungu zoNdunankulu, oSomlomo, abanyuselwanga imiholo, kanti amaLungu eziShayamthetho anyuselwe imiholo yabo ngo 2.5%. Lesi simemezelu senze ukuthi uMgcinimafa kuZwelonke anciphise isabelomali ngoR8.8 million, R9.4 million kanye noR9.5 million.

Lokhu kuncishiswa kwesabelomali sibhekene nakho ngezindlela ezahlukene. Isikhwama esihlinzekela iziMo ebezingaLindelekile sehlisiwe saze safinyelela kuR400 million njengoba sekushiwo. Kwavunyelwana ukuthi ukuncishiswa kweMali eqondene nokumiswa kwamaholo kuzokwenziwa yileyo minyango eqondene nalokho. Kuphinde kwenziwa uhlelo lokuqinisekisa ukuthi isilinganiso semali eQoqwe yisiFundazwe sibe esingesincane kakhulu. Lokhu kwenze ukuthi imali eqoqwe yisifundazwe igcine isingaphezulu kunalokho obekucatshangwa. Lapho kutholakale khona ukuthi imisebenzi ehlelwayo ayikazukuqala ngokushesha, lezi zimali zisetshenziswa ukuvala lapho kuncishiswe khona isabelomali, kodwa kuqondwa ukuthi zingabuyiselwa emuva kule misebenzi uma sekufanelekile. Lokhu kubandakanya:

- Isamba sika R600 million esigcinwe yisiKhwama seNgenisomali sesiFundazwe njengezimali zokuqala ezbibekiwe ukusetshenziselwa ukwakha isiKhungo samaHhovisi emiNyango kaHulumeni wesiFundazwe. Isimo samanje sezomnotho, nokuncishiswa kwesabelomali okulokhu kuqhubeke njalo, kwenze ukuthi kungabi khona imali eyengezwayo kule phrekthi kusukela selokhu kwafakwa uR600 million wokuqala owawubekwe eceleni yiHhovisi likaMgcinimafa wesiFundazwe. Kulesi samba, uR300 million wasetshenziselwa ukugcwalisela ekuncishisweni kwesabelomali.

- I-KZN Sharks Board yayabelwe uR10.5 million ngo 2013/14 ngenhloso yokuthenga umhlaba. Ukuthengwa kwalo mhlabo akwenzekanga, ngakho-ke, izimali zabuyela emuva esiKhwameni seNgenisomali sesiFundazwe. Lezi zimali zizophesha ukuncishiswa kwesabelomali.
- IVoti 12: uMnyango wezokuThutha wacela ukuba uR50 million owawabelwe wona ukuze kwakhiwe uhlaka lokulwa nobugebengu emingceleni ewelela kwamanye amazwe ukuba umiswe kwisabelo sawo njengoba izimali zazikhishwe ngombandela othi kumele kusayiswe isiVumelwano sokuSebenzisana phakathi kwesifundazwe nezinhlaka zikazwelonke ezibhekele ukulawulwa kwemingcele ngenhloso yokuthi kubuye kubuyiswe lezi zimali ezazitshalwe ngenhloso yokuthi ziphinde zibuye. Lo mbandela akuzange kuLangatshezwane nawo. Ngakho-ke, lezi zimali zisagcinwe yisiKhwama seNgenisomali lesiFundazwe futhi zizosebenza ukuphesha ukuncishiswa kwesabelomali.

Lezi zinhlelo zaphakanyiswa ukuze zivikele iminyango ekwehliselweni isabelo ukuze kungaphazamiseki ukuhlinzekwa kwezidingo emphakathini.

### Izengezelelo kwisabelo sesifundazwe saKwaZulu-Natal

Ngaphandle kwalokhu kuncishiswa kwesabelomali, kube khona ukwengezwa kweMali esabelweni saKwaZulu-Natal. Imali eyengeziwe ibe nguR85.9 million, R88.2 million kanye noR300.8 million kule minyaka yezimali. Lezi zimali zabiwe uMgcinimafa kaZwelonke ngale ndlela:

- **UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi** uthola R6.6 million noR7.1 million ngonyakamali ka 2020/21, ngokunjalo nango 2021/22. Lokhu kuqondene nezinkontileka Provincial Food Distribution Centres kanye nama-Community Nutrition Development Centres, okuyizikhungo ezinganyelwe wuMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi esifundazweni nakuzwelonke.
- **UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi** uthole uR62.5 million, uR66.7 million noR70.4 million esikhathini seMTEF mayelana nesiBonelelo zokuQashwa koSonhlalakahle. Umkhakha wezokuThuthukiswa koMphakathi ufaka lesi sibonelelo kwisabelo sawo. Loku akuchazi ukuthi lesi yisabelo esisha. Kodwa yindlela okuhlelwe ngayo ukwabiwa kwesibonelelo esinombandela.
- **IHovisi likaMngcinimafa esiFundazweni** labelwe uR5 million kunyakamali ka 2019/20 okungomunye wemizamo eqhubekayo yokwandisa ezobuchwepheshe bokuseenza kwingqalasizinda emaHovisi oMgcinimafa wesiFundazwe. **UMnyango wezeMfundu** uthola uR27 million kunyakamali u 2019/20 kanti lezi zimali zengezwa ukwenza ngcono uhlelo lokuhlinzeka kwezinsiza zabafundi besifazane nokugcina isithunzi sabo.
- **UMnyango wezeMpilo** uthole isabelo enyakeni wokugcina weMTEF ka 2019/20 ukwusiza ubhekane nohlelo loDokotela baseCuba. Kukhishwe isamba sika R1 billion

emkhakheni wezempi lo ngonyaka ka 2021/22, kanti iKZN inikwe uR208 million kulesi sabelo.

- **UMnyango wezokuBusa ngokuBambisana nezoMdabu (Cogta)** uthole uR9.6 million, R9.9 million no R10.3 million esikhathini seMTEF ukusiza izifundazwe ukuqinisa izinhlelo zazo zokweseka omasipala ngokwesigaba 139 soMthethosisekelo.

## **UKUSHINTSHWA KWEMISEBENZI PHAKATHI KWEMINYANGO**

Isabelomali sonyakamali u 2019/20 sesilethe izinguqoko ezintathu. Eyokuqala imayelana nokususwa kohlelo **IokuThutha abaFund**i lisiswa eMnyangweni wezeMfundu luya eMnyangweni wezokuThutha okuyinto eyaqala ngo 2018/19 kwethulwa iSabelomali esibuyekeziwe khona kule Ndlu. Okwesibili, umsebenzi **we-Gaming and Betting** usususiwe eHhovisini likaNdunankulu wayiswa eMnyangweni wezokuThuthukuswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo. Okwesithathu, umsebenzi **wezokuLondolozwa kwamaGugu** usususiwe eHhovisi likaNdunankulu wayiswa eMnyangweni wezobuCiko namaSiko.

## **IZIBONELELO EZINEMIBANDELA**

IKwaZulu-Natal ithole izibonelelo ezinemibandela ezingu 24 kulo nyakamali wezi2019/20. Izibonelelo ezinemibandela zinikezwa izifundazwe ukuze zifeze izinhloso ezithize, kanti ukusetshenziswa kwalezi zimali kulawulwa wumthetho wezibonelelo i-Division of Revenue Act. Isabelo sezibonelelo ezinombandela esinikezwa iKwaZulu-Natal sikhule safinyelela kuR907.4 million ngo2019/20 kanti sizokwehla ngoR30.2 million ngo 2020/21, bese sikhuphuka ngoR1.3 billion ngo 2021/22. Isiyonke imali yezibonelelo ezinombandela KwaZulu-Natal inguR21.1 billion, R21.8 billion kanye noR23.1 billion kule minyaka yezimali ebaliwe. Esikhulu kunazo zonke kulezi zibonelelo ngeseHIV, TB, Malaria and Community Outreach esibalelwa kuR5.8 billion ngaphansi koMnyango wezeMpilo; iHuman Settlements Development grant (R3.5 billion) ngaphansi koMnyango wezokuHlalisa kwaBantu; i-Education Infrastructure grant (R2.2 billion) ngaphansi koMnyango wezeMfundu; iNational TertiaryServices grant (R1.9 billion) ngaphansi koMnyango wezeMpilo; kanye neProvincial Roads Maintenance grant (R1.9 billion) ngaphansi koMnyango wezokuThutha.

Imininingwane mayelana nalezi zibonelelo iqukethwe emqulwini i-Estimates of Provincial Revenue and Expenditure (EPRE) ephinde ibizwe nge-Ncwadi eluHlaza. Le nkulumo izogxila kuhela kulezo zibonelelo ezikhombisa ukwenyuka okukhulu nokuncipha okukhulu ukuze amaLunga ale Ndlu akuqonde kahle lokhu.

- **IsiBonelelo seNgqalasizinda yezeMfundu** sikhombisa ukukhula ngoR392.5 million ku 2019/20, ngoR22.1 million ku 2020/21 nangoR177.7 million ku 2021/22, kanti isabelomali esisha sifinyelela kuR2.2 billion, kuR2 billion nakuR2.2 billion esikhathini seMTEF. Ukwenyuka ku 2019/20 kubandakanya uR200.3 million okuyimali ebhekele izinhlekelele eyabelwe ukubhekela nokulungisa izikole mayelana nenhlekelele yezikhukhula eyenzeka mhla zingu 10 October 2017 kulesi siFundazwe. Imali

esalayo kwengeziwe imayelana nohlobo Iwalesi sibonelelo esiklomelisa ukusebenza kahle.

- **IsiBonelelo sokuVuselela iziKhungo zezeMpilo** senyuke ngoR200.4 million ngo 2019/20, sehla ngoR3.8 million ngo 2020/21 saphinde senyuka ngoR91.2 million ngo 2021/22. Lokhu kwenza lesi sibonelelo sibe nguR1.3 billion, R1.2 billion noR1.3 billion ngesikhathi seMTEF. UMgcinimafa kuZwelonke utha lesi sibonelelo sehliswe ngoR60 million eminyakeni emibili yokuqala yeMTEF ngenxa yokuthi lo mkhakha uyisebenzisa kancane imali, kanti zintathu kuphela izifundazwe ezithola izibonelelo. Kuhle ukuba sikuveze ukuthi isabelo seKZN siyakhula njengoba singesinye sezifundazwe ezihlomulayo kulesi sibonelelo. IKwaZulu-Natal ingesinye salezi zifundazwe esihlomulayo kelesi xhaso lwezimali.
- Kwethulwe isibonelelo esisha eMnyangweni wezeMpilo, **okuyisiBonelelo sokuHlomisa ngamaKhono abaSebenzi bakwaHR**. Lokhu kuqalwe ngenhoso yokweseka uHlelo IoMshwalese wezeMpilo kaZwelonke (NHI) ngaphansi koMnyango wezeMpilo, kodwa kwabe sekuthathwa isinqumo kulo mkhakha ukuba lesi sibonelelo sinikezwe ngqo izifundazwe ngokwehlukana. Lesi sibonelelo sizosiza izifundazwe ukuba ziqoke abasebenzi ababalulekile emnyangweni wezeMpilo, kubandakanya abahlengikazi, abafunda ubudokotela nophotha, ukubala abambalwa. Isamba esabelwe iKZN ngalokhu nguR122.3 million, R130.4 million noR138.7 million ngesikhathi seMTEF.
- Kwenziwe izinguquko **kwisiBonelelo esiBanzi seGciwane leSandulelangculaza, neNgculaza noFuba** njengoba igama lalesi sibonelelo selishintshiwe laba yisibonelelo **seGciwane leSandulelangculaza, uFuba, uMalaleveva nokuBhekelela uMphakathi**. Lesi sibonelelo sehle ngoR273.6 million ngo 2019/20 noR231.5 million ngo 2020/21, kanti sikhule ngoR598.8 million ngo 2021/22. Sesisonke isamba singuR5.8 billion, R6.5 billion noR7.3 billion esikhathini seMTEF. Izinguquko ekumeni kwalesi sibonelelo zibandakanya ukusungulwa kohlaka oluzimele lwasifo sikaMalaleveva kanti izimali zokuleseka lolu hlaka zithathwe kuso lesi sibonelelo. Kuphinde kwanqunywa ukuba kuhlukaniswe phakathi isibonelelo sesifo sofuba kulesi sibonelelo sibe yizingxenye ezimbili ukuze kuphuculwe ukuqashwa kokusebenza kwezimali kule ndawo. Ingxenye yokuBhekelela uMphakathi ikhuphuke ngo R1 billion kuzo zonke izifundazwe eziyisishiyagalolunye ukuze kufakwe imali eyisilinganiso esincane esiklanywe ngokomthetho kubaSebenzi baseMphakathini kwezeMpilo.
- Ezinye izinguquko zenziwe kwizibonelelo emkhakheni wezokuHlaliswa kwaBantu. **IsiBonelelo sokuBuyiselwa amaTayitela** siyaphela ekupheleni kuka 2020/21, kanti sizobuyiselwa **kwisiBonelelo soKwakhiwa kweziNdlu** kusukela ngo 2021/22. Ukuze kube nokusebenzana ekusizeni abantu abahola amaholo aphakathi abangawazi ukuthenga izindlu, kubekwe eceleni isamba esingu R950 million kuwo lo mkhakha **kwisiBonelelo soKwakhiwa kweziNdlu** kwiMTEF ka2019/20, okuyizimali manje ezabelwe iNational Housing Finance Corporation zohlelo lokuXhaswa kwaBantu

ngeziMali zeziNdlu. Izimali ezinguR1 billion noR2 billion zithathwe **kwisiBonelelo soKwakhiwa kweziNdlu** kuzona zonke izifundazwe eziyisishiyagalolunye ngo 2020/21 no 2021/22, njengengxeye yohlelo lukahulumeni olubanzi lokunciphisa izimali ukuze kube nozinzo esikhwameni sezimali. E-KZN, lesi sibonelelo senyuke ngoR210.3 million ngo 2019/20, yehla ngoR407.3 million nangoR813.3 million ngo 2020/21 no 2021/22, ngokwehlukana. Isabelomali salesi sibonelelo sifinyelela kuR3.5 billion, R3.1 billion no R2.7 billion esikhathini seMTEF. UMgcinimafa kuZwelonke uveze ukuthi ngo 2019/20 uR247 million wesabelomali **sesiBonelelo soKwakhiwa kweziNdlu** uzokubhekana nezinhlekelele kanti uR400 million ngo 2020/21, owokubhekana ngqo nokulungiswa kwezindlu ezalimala ngezimvula zomhla ka 10 kuMfumfu 2017.

- Isiboneleloesisha, **okuyisiBonelelo sokuBambisanakuLungiswa kwemiJondolo** sethulwe ngonyaka weMTEF ka 2019/20 okuzothi izimali zasozithathwe **kwisiBonelelo soKwakhiwa kweziNdlu**. Lesi sibonelelo senzelwe ukuthuthukiswa kwezindawo eziyimijondolo. Imali eyabelwe lesi sibonelelo ingu R553.8 million ngo 2020/21 kanye no R793.8 million ngo 2021/22.

## ISITHOMBE NGEZIMALI ZEVOTI LE-MTEF KA 2019/20

Njengamanje sizogxila kwisabelomali somnyango ngamunye kule MTEF ka 2019/20. Izokwenzani imali enguR130.5 billion? Ithebula elingeza liveza yonke iminyango engu 15, isabelomali sayo ngo 2019/20 kanye namaphesenti emali isiFundazwe esiyabele umnyango ngamunye onyakeni, kanjalo neminyaka emibili engaphandle ye-MTEF.

### Budgets per Vote

	Medium-Term Estimates			
	2019/20	Percentage of Total	2020/21	2021/22
1. Office of the Premier	714 004	0.5%	753 902	795 394
2. Provincial Legislature	598 756	0.5%	638 926	674 137
3. Agriculture and Rural Development	2 426 941	1.9%	2 587 375	2 736 088
4. Economic Development, Tourism and Environmental Affairs	3 235 092	2.5%	3 415 723	3 603 615
5. Education	54 021 515	41.4%	57 655 155	60 871 020
6. Provincial Treasury	721 629	0.6%	725 726	765 393
7. Health	45 036 978	34.5%	48 218 336	51 582 353
8. Human Settlements	4 006 642	3.1%	4 197 020	3 948 838
9. Community Safety and Liaison	235 054	0.2%	242 765	256 117
10. Sport and Recreation	478 958	0.4%	506 557	535 413
11. Co-operative Governance and Traditional Affairs	1 824 879	1.4%	1 900 274	2 004 717
12. Transport	10 837 076	8.3%	11 290 797	11 952 392
13. Social Development	3 519 143	2.7%	3 719 365	3 920 360
14. Public Works	1 685 317	1.3%	1 788 060	1 876 430
15. Arts and Culture	1 132 237	0.9%	1 067 210	1 099 704
<b>Total</b>	<b>130 474 221</b>	<b>100.0%</b>	<b>138 707 191</b>	<b>146 621 971</b>

Njengoba sekushiwo, iKwaZulu-Natal izosebenzisa u R130.5 billion ngo 2019/20. Ingxenye enkulu yesabelomali sesifundazwe iya eMnyangeni wezeMfundu ozothola u 41.4%, ulandelwe uMnyango wezeMpilo othola 34.5% wesabelomali sesifundazwe. Lokhu kusho ukuthi le minyango ihlangene ithola cishe u 76% wesabelomali, bese kuthi imali esele engu 24% yabelwe iminyango esele engu 13.

*INkulumo yeSabelomali yoMphathiswa wezeziMali umHlonishwa uMnuz. R. R. Pillay mhla zi 9 kuNtulikazi 2019:  
UkuVuselelwa kweSabelomali seMTEF sika 2019/20 esiShayamthetho*

Okubalulekile ukuthi sikuqikelele wukuthi imali engu R13.6 billion kwisabelomali sesifundazwe isetshenzisa kwingqalasizinda okuyimali ecushe ibe ngu10% wesabelomali sesifundazwe. Kwaziwa kahle ukuthi uma uhulumeni efaka imali kwingqalasizinda lokho kuba nompumela omuhle kwezomnotho esikhathini esifushane, kanjalo nasesikhathini eside njengoba ikhuphula izinga lokusebenza komnotho wezwe. Lolu hlobo lotshalomali lizoba nomthelela ekukhuliseni umnotho nokwakha amathuba emisebenzi.

Sizokhuluma ngeminyango silandela ubungako besabelomali sayo, kanti ulwazi oluhlinzekwe lapha luthathwe ezahlukweni zomnyango ngamunye kwiNcwadi eluHlaza. Ngikhuthaza alaLunga aleNdlu ukuthi ayifundisise iNcwadi eluHlaza, njengoba inikezela ulwazi olunzulu emnyangweni ngamunye nanokuthi iminyango ifuna ukwenzani ngesabelomali ehlinzekwe ngaso. Ulwazi olukwiNcwadi eluHlaza luchaza ngokwezinlelo nalezo ezincane, nangokubekwa kwasikalo sezomnotho (ukuze ubone ukuthi imali isetshenzisa kanjani uma uqhathanisa *i-capital* ne *current*). Kuvezwa ulwazi ngezibalo zabasebenzi emnyangweni ngamunye, ingqalasizinda, ukukhokhwa kwezimali kukhokhelwa ezinye izinhlangano, izibonelelo ezinemibandela, yizilinganiso esizibekale zona zokuhlinzelwa kwezidingo, kwezinye zezinto. INcwadi eluHlazaeshicilelw kulesi sifundazwe yiyona ncwadi enemininingwane eminingi ukwedlula zonke ezifundazweni eziyi 9, ukuze ikunike ulwazi oluningi, ukuze ukwazi ukubona ukuthi iminyango yenzani ngezabelomali ezhlinzekwe yona. Lokhu kusiza amaLunga ale Ndlu ukwenza umsebenzi wawo wokubuka nokuqapha, kuphinde kuniikeze ithuba lokuvezelia izakhamizi zeze lethu okwenzekayo ngezezimali. Okuqukhethwe yile ncwadi kufakwa kwiwebsite kaMgcinimafa kaZwelonke nakowesiFundazwe okwenza ukuthi nomphakathi uyithole kalula.

### **UMnyango wezeMfundu**

Isabelomali kule minyaka yeMTEF singuR54 billion, uR57.7 billion noR60.9 billion, nokuhambisana nenhlosongqangi yesifundazwe yokuthuthukisa imfundo namakhono.

Ingxene enkuI yesabelomali somnyango ngesokuhlinzekela abasebenzi. Kulesi sifundazwe isibalo sabafundi abangakhokhi singu 75% wabafundi bebonke ezikoleni zikahulumeni. Uhlelo lukaZwelonke IokuPhakelwa kweziNgane eziKoleni Iuhlinzeka izingane ezingu 2.3 million ezikoleni ezingu 5 729. Umnyango uzogxila emisebenzini ethile ukusiza ukushintsha uhlelo Iwezemfundo. Okokuqala, umnyango uzogxila ekuhleleni ukuvalwa kwezikole ezincane nezingasebenzi kahle ezinabafundi abangaphansi kuka 50 emabangeni aphansi. Kulokhu zingu 172 izikole ezhlonziwe. Ezikoleni zamabanga aphakeme, kuzogxilwa ezikoleni ezinabafundi abangaphansi kuka 100, kanti zingu 76 izikole esezhlonziwe kulo mkhakha.

Umnyango uzoqhubeka nezinhlelo zaho zokungenelela njengaseminyakeni edlule, kodwa kuzogxilwa kakhulu ekuhlinzekweni kwemfundo nokwesekwa okugxile kwiqhaza labaPhathi bamaSekethe njengababheki bokufunda; ukucwaningwa kokuhlinzekwa kwemfundo; uphucula isu lokuhlomisa othisha ngamakhono; kanjalo nokuphucula izindlela zokuhlolabafundi ezingeni elijwayelekile IokuFunda nokuQeqesha. AbeLuleki ngeziFundo nabaPhathi bamaSekethe bazosiza izikole ukuqapha ukuqhubeka kwezfundo. Izikole zizothola uhlelo

lokufundisa oselwensiwe, oluhambisana nohlelo oluzolandela ukuhlola nokuvivinya abafundi. Lokhu kuzosiza othisha ukuze bakwazi ukuphawula uma sebeqedile ukufundisa isihloko esithile somsebenzi wabo. Izikole zizokuba nezinjongo okumele zihlangabezane nazo mayelana nokuhlinzekwa kwezfundo oluzoqashwa abaPhathi bamaSekethe nyanga zonke.

Kuseyinselelo ukuhlinzekwa kothisha abaqequeshekile, ikakhukazi ezifundweni ezifana neziBalo neSayensi. Ngaphezu kokuhlinzeka ngemifundaze ukuheha abafundi ukuba bangene emkhakheni wokufundisa, umnyango uzoxhumana noMnyango weMfundu yamaBanga aPhezulu nokuQeqeshwa ukukhuthaza ukuba bande abafundi abafundela iziqu zeziBalo neSayensi.

Amaphrojekthi amayelana nezikole ezintsha, ukwesekwa kokufunda emakilasini, amalabhoethri, amakilasi emisebenzi ehlukene, kanjalo nokufakelwa kogesi, izindlu zangasese namanzi azoqhubeka ukuze kusizakale ngezidingongqangi zonke izikole ezingu 6 175.

### **UMnyango wezeMpilo**

Isabelomali seMTEF singuR45 billion, uR48.2 billion noR51.6 billion kanti lokhu kuvumela ukuhlinzekwa kwezidingo zezempiro kubantu abangenayo imishuwalense KwaZulu-Natal. Ngokocwaningo IweMizi yaBantu luka 2017, babalelwa ku 12.6% abantu KwaZulu-Natal abanemishwalense yezempilo. Lokhu kusho ukuthi abantu abangu 1.4 million bangamalungu kwimishwalense yezempilo kanti cishe abantu 10 million, noma u 87.4% abanayo imishwalense yezempilo. Lokhu kuhambisana nenhlosongqangi yesifundazwe yokuqinisekisa ukuhlinzekwa kwezidingo zezempiro.

Umnyango unezinhlelo zokuphucula ezobuchwepheshe bokuxhumana lokhu kusabalalele ezakhiweni ezingu 92.9% zezibhedelela kanye no 50.2% wemitholampilo ngoMarch 2020. Kuhlelwa nokuthi kwensiwe ukuhlolelwa iGciwane leSandulelangculaza okungu 3 074 435, kuncishiswe ukushona kwabantu ngenxa kaMalaleveva kusuke ku 0.8% kuye ku 0.54%, kwensiwe ukwengulwa kwamehlo ukungu 9 700 futhi kwenyuswe isibalo sama-Ambulensi asebenzayo sisuke ku 179 siye ku 200.

Kuzoqala ukusebenza kwesibhedelela esisha i-Dr Pixley ka Isaka Seme Memorial Hospital kunyakamali ka 2019/20, kanjalo nokwandiswa kwesibalo seziguli eziolahleweni lokuthola imishangozo yezifo ezingelaphiki sisuke ku 1.7 million kuye ku2.2 million. Lokhu kusho ukuhlinzekwa kwemishangozo yezifo ezingelaphiki emphakathini, kodwa kusetshenziswa izikhungo ezipimele zokusabalalisa, kanti lolu hlelo lusetshenziselwa ukuba kutholakale kalula imithi futhi kugwenywe nolayini abade beziguli. Lokhu kwensiwa ngemizamo yokuphucula impilo yezakhamizi zonke zaseNingizimu Afrika, ikakhulu abantu abahlwempu. Umnyango uzozama ukuheha nokugcina abasebenzi abanamakhono, kanjalo nongoti ukuze kuhlinzekwe abantu bakithi ngamazinga ezempilo emukelekile ezempilo kubantu.

### **UMnyango wezokuThutha**

UMnyango wezokuThutha uthola 8.3% wesabelomali sesifundazwe. Isabelomali singuR10.8 billion, uR11.3 billion noR12 billion esikhathini seMTEF. Imali eningi kwisabelomali

somnyango iya ekwakhiweni kwemigwaqo nasekulungiseni imigwaqo yesifundazwe. Kulokhu, umnyango uzoqhubeka nokwakha imigwaqo exhumanisa imiphakathi yasemakhaya nezindawo ezibalulekile esifundazweni, ukuze kufezekiswe izinjongo zokuhlinzeka uhlelo lokuhamba esifundazweni. Kuzoqhubeka kube seqhulwini ukuphucula nokulungisa imigwaqo yesifundazwe ukuze kuphuculwe futhi kwenziwe ukuthi imigwaqo isebeenze isikhathi eside. Lokhu kuyingxene ye nenhlosongqangi yesifundazwe yokuguqula futhi kukhuliswe umnotho, kuthuthukiswe osomabhzinisi abasakhula, bese kwenziwe ngcono izimo zokuphila kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika.

Umnyango uzoqhubeka nokuxhasa ngezimali ukuthuthwa kwabantu ngamabhasi, ukuthuthwa kwabafundi, bese wenza izinhlelo zokuqikelela ukugcinwa komthetho ukuze kugqugquzeleke ukuphepha emgwaqweni.

Isabelomali somnyango siphinde sihlinzekele uhlelo IweShova Kalula, okuwuhlelo lokungenelela ukuze kuphuculwe ukuhamba ngamabhayisekili kubantu, okubandakanya abafundi ezindaweni zasemakhaya, ezibuqamama nezingenazo izinsiza, ukuze bakwazi ukuthola izidingo, kanjalo namathuba ezomnotho. Umnyango uzosabalalisa amabhayisikili angu 2 400 ngo 2019/20.

### **UMnyango wezokuHialiswa kwaBantu**

Lo Mnyango wokuHialiswa Kwabantu uthola uR4 billion, R4.2 billion noR3.9 billion esikhathini seMTEF. Inhoso enku yalesi sabelomali ngukuhlinzeka izindlu emikhakheni ehlukene yabantu bakithi, kubandakanya ezindaweni zasemakhaya nasemijondolo. Lokhu kuhlose ukuphucula impilo yabantu baseNingizimu Afrika, ikakhulukazi abahlwempu, nokuhambisana nenhlosongqangi yesifundazwe yokuhialiswa kwabantu nokuqikelela ukuphucula izimpilo zabo.

Umnyango usohlelweni lokuphothula uhlelo Iweminyaka engu 20, olulawula ukulungiswa kwamahostela futhi luqinisekise ukuthi izindleko zokuwalungisa ziyalanganiswa. Uhlelo oluqhube kayo Iwamaphrojekthi okuqedwa kwemijondolo okunguhlelo Iwesifundazwe lusezigabeni ezahlukene zokuhlinzeka kwezindlu. Mayelana nokuthuthukiswa kwezindaweni zasemakhaya ngezindlu, kulindeleke ukuthi kwakhiwe izindlu ezingu 7 850 ezindaweni ezifana noMzinyathi, Amajuba, iHarry Gwala, uMkhanyakude noGu. Izindlu ezilinyazwe izimvula esifundazweni ngomhla ka 10 October 2017 zizolungiswa ngo R247 million owabelwe ukwakhiwa kabusha kwezindlu nokulungisa izindlu eThekwini ngo 2019/20. Kuzolungiswa izindlu ezingu 1 500.

### **UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi**

UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi uthola uR3.5 billion, uR3.7 billion noR3.9 billion kule MTEF. Imali eningi kulesi sabelomali iya ekuhlinzekweni kwemisebenzi yosonhlalakahle. Umsebenzi walo mnyango ugxile ekuphuculen i izimo zenhlalo kubantu baseNingizimu Afrika, ikakhulukazi abahlwempu nokuhambisana nenhlosongqangi yesifundazwe yokuhlinzeka izidingo emphakathini, kanjalo nokuphila okuqhube kayo.

UMnyango uzoqhubeka nokuqinisa kanye nokwandisa imisebenzi yokunakekela nokweseka oyihlinzeka abantu abaphila nokukhubazeka. Lokhu kubandakanya izinhlelo zokuqwashisa ngamalungelo abantu abaphila nokukhubazeka nezinhlelo zabantu abanebala elimhlophe kuzona zonke izifunda. Umnyango uzoqhubeka nokuvula amathuba okungena esikoleni kwezingane eziqhamuka emakhaya antulayo ngohlelo Iwe-Early Childhood Development. Umnyango uzosingatha iNgqungquuthela yesiFundazwe yokuLwa nokuHlukunyeza kwabesiFazane nokuBulawa kwaBo kanti izikhungo ezibizwa ngamaWhite Door Centres of Hope zizokwenyuka zisuka ku 22 kuya ku 36. Kuzophinde kugxilwe ekuqiniseni izinhlelo zokugwema nokuqwashisa ngokusetshenziswa kwezidakamizwa, kubandakanya ukwethulwa kohlelo lokulwa nokusetshenziswa kwezidakamizwa kweKe Moja, olugxile kakhulu entsheni esezikhungweni zemfundo ephakeme.

Umnyango uzoqhubeka nokuqalisa uhlelo lokuthuthukisa intsha ezikhungweni zaho zentsha futhi uzosebenzisana noMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo nabanye abathintekayo ukuqala izinhlelo zokuthuthukiswa kwamakhono ezinemiphumela ebonakalayo. Amaphrojekthi amasha ahleliwe ngalokhu yiWentworth Youth Development Centre neHibiscus Coast Youth Academy, phakathi kwamanye. Umnyango uzoqhubeka nokukhuthaza ukufakwa kwabesifazane emikhakheni abebencishwe amathuba kuyo esikhathini esiphambili nokuthuthikiswa kwabo kwabesifazane okuyingxene yohlelo IweziNguuko eziNqala kwezoMnotho.

#### **UMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo**

Lo mnyango uthola uR3.2 billion, R3.4 billion noR3.6 billion esikhathini seMTEF. Umsebenzi walo mnyango ugxile ekukhulisani umnotho ukuze kudalwe amamthuba emisebenzi, kanjalo nokuthuthukisa amakhono adingeka manje, kanjalo nangomuso. Ngakho, lokhu kuhambisana nenhlosongqangi yesifundazwe yokudala amathuba emisebenzi, ukuguqla nokukhulisa umnotho, ukuqeleshela amakhono, kanjalo nokuthuthukisa osomabhizinisi abasakhula nemifelandawonye.

Amaphrojekthiamakhulukulomnyangongo 2019/20 abandakanya ukuqalwakwe-Operation Vula nohlelo IweziNguuko eziNqala kwezoMnotho ulubizwa ngeRadical Economic Transformation (RASET). Lokhu kubandakanya iprojekthi ye-KZN Gijima Local Competitiveness Fund ezobhekana nomkhakha wemikhiqizo yezolimo. Umnyango uzophinde ubeke phambili ukwakhiwa kwezakhiwo ezizosetshenziswa ngosomabhizinisi abancane abehlukene ukuze kwesekwe izinhlelo zemikhiqizo ye-Operation Vula njengemikhiqizo yokuhlanza, imikhiqizo yokubhaka nephepha lasendlini yangasese. Iphrojekthi yeSakhinzulo ngenye yamaphrojekthi abalulekile kanti yensiwe ngokubambisana neTongaat Hullet lapho kwesekwa khona abatshali bomoba bomthamo omncane. Ezinye izindawo ezibalulekile okuzogxilwa kuzona yiziNdawo zeziMboni zezoMnotho, yiTourism Entrepreneurship Career Expo, yiphrojekthi yeTourism Homestays, wuHlelo lokuLwa neziMila zokuFika, kanjalo nokwesekwa kwamaSMME namaphrojekthi emifelandawonye. Isabelomali siphinde sihlinzekele iPhrojekthi yesiFundazwe yokuQeqeshwa kweNtsha ngamaKhono nokuTholelwia imiSebenzi, kanjalo nesikhungo

sokuKhiqiza saKwaMajomela okuhlelwe ukuba sibe yisikhungo semikhiqizo yomthamo omncane kwaNongoma futhi esizosiza abahwebi ngendawo yokudayisa, impahlala nezindawo okuzogcinwa kuzo impahlala yokuqequesha eyinhlobo ehlukene.

Umnyango uzoqhubeka nokweseka ipprojekthi yeBulk Buying okuhloswe ngayo ukusiza abahwebi abancane ukuba bakwazi ukungena emkhakheni wokudayisa nokuhweba ngokuthi babe namandla okuthenga impahlala ngokuhlanganyela ukuze bathenge ngqo kubakhiqizi nakubadayisi bezimpahlala ezisetshenziswayo, ngaleyo ndlela bakwazi ukuthola izaphulelo bese bekwazi ukuncintisana futhi bakhulise amabhizinisi abo.

Umnyango uzophothula ukubuyekezwa kweKZN Tourism Master Plan ezhlinzeka ngamasu namacelo aphathelene nezakamuva embonini yezokuvakasha ukuze kuhlelwe, kuthuthukiswe futhi kukhangiswe ezokuvakasha eminyakeni emihlanu ezayo, ngokuhambisana nesu lomkhakha wezokuvakasha lukazwelone. Kumanje kuphothulwa iSu lesiFundazwe lokuHlelwa kwemiCimbi, ukuze kube nemikhombandlela mayelana nokuthi kumele yesekwe futhi ixhaswe kanjani imicimbi ehlukahlukene ebalulekile ekukhulisweni komnotho.

### **UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya**

UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya uthole uR2.4 billion, R2.6 billion no R2.7 billion esikhathini seMTEF, futhi uzoqhubeka nokugxila ekuhlinzekeni usizo lokweseka imiphakathi ukuze ithole ukudla emazingeni emindeni nokuzilimela. Umnyango uzogxila ekukhuliseni umnotho, ukudala amathuba emisebenzi nokuphucula impilo yabantu baseNingizimu Afrika, ikakhulukazi abahlwempu. Lokhu kuyahambisana nenhlosonggangi yesifundazwe yokudala amathuba emisebenzi, ukuguqula nokukhulisa umnotho nokuthuthukiswa kwamakhono, kube kuthuthukiswa osomabhizinisi abancane nemifelandawonye bese kuqinisekiswe ukuphila kwabantu okuhlelekile.

Uhlelo Ivezolimo lomnyango luzoshintsha futhi luhuthaze abakhiqizi ababencishwe amathuba, ukuqinisekisa ukuthi bayangena ezinhlelweni zezomnotho ikakhulukazi ukuze babeke ukudla etafuleni, kwandle imikhiqizo futhi kukhuthazwe ukuncintisana nokuthi amabhizinisi ezolimo angenise imali, ikakhulukazi kosomabhizinisi abancane abakhiqizayo.

Umnyango uzogxila ekuthuthukiseni ezolimo nokushintsha izikhungo ezbalulekile zezolimo nokubaluleka kwamabhizinisi ezolimo ngokubandakanya abantu ababencisheke amathuba (abesifazane, intsha nabantu abakhubazekile) kvezolimo. Enye inhoso ukukhuthaza ukutholakala kokudla kuzwelone. nokuhlinzeka kwakho, nokwandisa ukutholakala kokudla emakhaya. Ngokohlelo Ivezolimo, kuzogxilwa ekukhuthazeni ukukhiqizwa kwemifino (kubandakanya amakhwe ukuze abantu badle) ngokuhambisana nohlelo IweRASET, kanjalo nezithelo ezivame kuleli njenge-macadamia, i-citrus, umango and namaganu. Ukungenelela kuzobandakanya ukuthi bavulelwe amathuba ezimakethe, ukuhlinzeka kwamakhono kubalimi abancane, ukukhuthaza ukuthunyelwa kwempahla etshaliwe nemikhiqizo yakhona emazweni angaphandle kanjalo nokukhuthaza ukubambisana nokusebenzisana nezinhlangano zohwebo. Ngokubona ukuba nenhlanhla kwesifundazwe ngezinsiza zemvelo

ukuze kutshalwe okusanhlamu kanye namathuba angcono aso, ikakhulukazi enyakatho namaphakathi nesifundazwe, umnyango uzokhuthaza ukutshalwa kwezitshalo ezisanhlamu (umbila, ubhontshisi, ubhontshisi wesoya namakinati ambiwayo) okuzotshalelw ukuze iminden i kuhinde kudayiswe.

### **UMnyango wezokuBusa ngokuBambisana nezobuHoli boMdabu**

Umnyango uthola uR1.8 billion, uR1.9 billion noR2 billion okwiMTEF ukweseka, ukukhuthaza ukubusa okuhle nokuqinisekisa ukuphathwa ngendlela kwezimali komasipala, ukweseka nokwakha ikhono ezikhungweni zomdabu kanjalo nokuhlinzeka ukwesekwa komasipala abahlukene abangaphansi kokuphathelwa umbuso ngokwesigaba 139 soMthethosisekelo futhi uzosebenzisa ezinye izimali zoMgcinimafa kaZwelonke kulokhu njengoba osekukhulunye kule nkulomo. UMnyango uzoqhubeka nokweseka ukubekwa nokuhlonishwa kwamakhosi. Lo mnyango uzogxila ekusheshiseni ukhulula komnotho, kodwa futhi uqinise ikhono lokuphatha lombuso ukuze kuhlinzekwe izidingo.

Ukuqapha izinhlelo zokuhlinzekwa kwezidingo njengokufakwa kukagesi, amanzi nokuthuthwa kwendle, izinqubomgomozabahlwempu (ezisetshenziselwaukugcinaamarekhodikuyonayonke imizi ethola izidingongqangi zamahhala), kuzoqhubeka nokuba seqhulwini, njengoba kuzoba njalo ekwesekweni kweziKhungo eziLawula iziNhlekelele ezisebenzayo, nasekuhlinzekeni ngosizo ezifundeni, imikhandludolobha neminyango enezinhlelo zokubhekana nezinhlekelele. Umnyango uzuophinde uqinisekise ukuthi izinketho zemikhandlu yomdabu ezhlelw ukuva khona ngoDecember 2019 ziba ngezikhululekile nezingachemile.

### **UMnyango wemiSebenzi yoMphakathi**

UMnyango wemiSebenzi yoMphakathi uthola uR1.7 billion, uR1.8 billion noR1.9 billion kwiMTEF. Umnyango ukhokhela amareythi omhlaba ezakhiweni zesifundazwe uphinde ube nejoka lokwakha nokuthola izakhiwo, imisebenzi yobunjiniyela nokugcina kahle izakhiwo ngendlela edingwa amakilayenti.

Ngokwesidingongqangi sesifundazwe sokudala amathuba emisebenzi, umnyango uzoqhubeka nokuqinisekisa ukuthi i-EPWP ikhiqiza imisebenzi eminingi ukuze kuliwe nobubha. Uhlelo luzokwelulwa ukuze kuhlomule abantu abaphila nokuhubazeka futhi luzosiza abahlomulayo ukwakha kwemifelandawonye, okungenye yezinhlosongqangi zesifundazwe yokukhulisa osomabhzinisi abancane nemifelandawonye. Uhlelo Iwe-EPWP lokugcina izikole zisesimweni esifanele Iwaqalwa ukuze luhlomulise abantu abangu 4 000 komasipala bezifunda abahlanu. Selikhulile kanti manje sekulindeleke ukuthi lusize abantu abevile ku 5 000 ezikoleni ezingaphezulu kuka 2 000 kubo bonke omasipala bezifunda abayishumi nanye. Umnyango uzoppinde weseke iminyango nomasipala ukuqinisekisa ukuthi bayahlangabezana nezinjongo zabo ze-EPWP.

Iphrojekthi ye-KZN Entrepreneurial Development Centre izobe yakhiwa ngo 2019/20 kanti kulindeleke iphele ngo 2020/21. Lesi sakhiwo sihlanganisa amagumbi emihlangano

nawokuqeleshwa lapho kuzohlinzekwa khona ngemisebenzi eminingi yokuqeleshwa amakhono kumabhizinisi amancane. Kuzogxilwa ekuthuthukiseni amakhono, njengokuzibophezela kwinhlosongqangi yesiFundazwe yokuyokudala amathuba emisebenzi, ukuguqula bese kukhuliswa umnotho kukhuliswe nabamabhzinisi amancane nemifelandawonye, kanjalo nokuthuthukiswa kwamakhono.

Umnyango unesakhiwo sokubamba izingqungquethela eMayville esisetshenzisa yiyo yonke iminyango kahulumeni ukubamba izinkomfa ezihlukene, imihlangano, njalo njalo. Kunesidingo esikhulu salesi sakhiwo, kangangokuthi umnyango ukhethe ukuhlinzeka enye indawo eMgungundlovu yezingqungquethela okubhekwe iphele ngo 2020. Le phrojekthi ihlanganise iholo elihlala abantu ababalelwu ku 700 kanjalo nezinye izindlu ezihlala abantu abangu 50 kuya ku 100.

### **UMnyango wezobuCiko namaSiko**

UMnyango wezobuCiko namaSiko uthola uR1.1 billion ngonyaka kwiMTEF. Ngo 2019/20, umnyango uzoqhubeka nomsebenzi wawo wokuqinisekisa ukuthuthuka kwamasiko abantu bakithi ngokubamba imicimbi eminingi yamasiko kanjalo nokuhlinzeka izisinha zokufunda nokubhala. Umnyango uzoqhubeka nokuhlinzeka imitapo yowlazi nokwakhiwa kwemisha esifundazweni sonke.

Umnyango uzogxila ekubuyisaneni komphakathi nokuvuselelwu kwezimilo emphakathini ngokuphothula ukusungulwa koMkhandlu wokuVuselelwu kweziMilo nokwakhiwa kohlelo nesu lokuqalisa ukubuyisana komphakathi nokuvuselelwu kwezimilo.

IWinston Churchill Theatre izolungiswa Osizweni kanti isikhungo sobuciko oThungulu sizovuselelwu ukuze kuhuthazwe imboni yobuciko namasiko. Umnyango uzophinde uqalise ukwakha iMusic Academy eLadysmith. Umnyango uzophothula iNgwavuma Library ngo 2019/20 bese uqala ukwakha imitapo yowlazi eMtubatuba, Richmond, uMhlathuze, Nquthu naseDannhauser. Ngokwakhiwa kwendawo yokugcina imininingwane, kuqedwe ucwaningo ngo 2018/19 iprojekthi yanikwa uMnyango wemiSebenzi yoMphakathi osuwabe indawo engamamitha azikwele ezingu 10 000 ukwakha le ndawo esizeni sezakhiwo zikahulumeni wesifundazwe. Ukwakha kulindeleke kuqale ngo 2019/20.

### **UMgcinimafa wesiFundazwe**

UMgcinimafa wesiFundazwe uthola uR721.6 million, uR725.7 million noR765.4 million kwiMTEF ikakhulukazi okungeyokulawulwa kwezimali nokuqapha eminye iminyango, omasipala, amabhizinisi kahulumeni, ukucwaningwa kwamabhuku, uhlelo lokuthengwa kwempahla nemisebenzi kahulumeni, nokweseka uhlelo lwezezimali olwenabile. Inhoso enkuwu wukuphucula ukucwaningwa kwamabhuku esifundazweni, ukuqinisekisa ukusetshenzisa kahle kwezimali nokuhlala kuhona izimali. Kuzokwenziwa ukucwaningwa kwengcuphe okugxila ekusebenzeni okufanele nokuphatha okuhle. Kuzoqhubeka ukulekelelwu kweminyango kubhekwe ingcuphe. Kuzoqalwa uhlelo lokubheka iminyango namabhizinisi kahulumeni ukuze kubhekwe ukuthi ziyanziwa yini izincomo zemibiko yophenyo. Lokhu kuhambisana nenhlosongqangi yesiFundazwe yokwakha uhulumeni onakekelayo, oqotho futhi ongenkohlakalo.

uMgcinimafa wesiFundazwe uhlonzwe njengomunye weminyango ebabambe iqhaza elibalulekile esifundazweni ohlelweni lwezinguuko ezinqala kwezomnotho ngokuqalisa uhlelo olunenqubekelaphambili lokuthenga izimpahla nemisebenzi kahulumeni. Ngenx yalokhu, uMgcinimafa wesiFundazwe uzoqapha abike ngokusebenza kweminyango ekuqaliseni iPreferential Procurement Policy Framework Act (PPPFA) ekuhlelweni kwamathenda. Iminyango izophinde isizwe ukuhlaziya nokuqalisa imithethonqubo yePPPFA eyashaya ngo-April 2017, ukuze kubhekthane nokungalingani ekukhishweni kwamathenda ikakhulukazi KwaZulu-Natal. Lokhu kulekelela kwinhlosongqangi yesiFundazwe yokuguqula nokukhulisa umnotho.

### **IHhovisi likaNdunankulu**

IHhovisi likaNdunankulu lithola uR714 million, uR753.9 million noR795.4 million kwiMTEF. Iningi lalesi sabelomali siya emisebenzini exubile nesabalele, njenge-Operation Sukuma Sakhe, Integrity Management, iziNhlelo zokuThuthukisa iNtsha, nokwesekwa kweSilo kanjalo nokudluliselwa kwezimali kwisikhungo saseNdunkulu. Umsebenzi obanzi ngowokukhuthaza ukukhula komnotho, ukukhulisa izinga lokudala amathuba emisebenzi nokuthuthukisa amakhono, lapho uhulumeni uqhubeka nokunakekela, nokuba qotho futhi ulwa nenkohlakalo.

I-Provincial Planning Commission izoqhubeka nokweseka imisebenzi yeminyango ukuze kwenziwe imisebenzi ebalulekile, njengokuhlewa kwezindawo zasemakhaya, ukwakhiwa kwezikhungo zomphakathi, amathuba kagesi ovuselelekayo, njll. I-MTEF iphinde ihlinzekele iCitizen Satisfaction Survey, kanjalo nokubuyekezwa kwePGDS nePGDP njalo emuva kweminyaka emibili. Umnyango uzoqhubeka nokudidiyela imisebenzi yezobuLili, iNtsha, abaDala neziNgane kanjalo neHhovisi loMxazululi ukuze kusebenze amalungelo abantu nezinqugomomo zakhona eminyangweni nakomasipala. Umnyango uzophinde ugxile ekusebenzeni kwama-war rooms, ngokwezinsiza, nokweseka amathimba amawadi.

Mayelana nephrojekthi yeNkululeko Development, ngo 2019/20 kuzogxilwa esigabeni sesibili okuyiNkululeko Development Project Phase 2 eMzinyathi nasoThukela.

### **IsiShayamthetho sesiFundazwe**

IsiShayamthetho sesiFundazwe sithole uR598.8 million, uR638.9 million noR674.1 million kwiMTEF ukweseka izinqubo nemisebenzi yamakomidi, nokubamba iqhaza komphakathi ezinhlelweni zaso. IsiShayamthetho sizoqhubeka nokuthuthukisa ikhono lokuqapha, phakathi kokunye iminyango nezikhungo zikahulumeni ngalo nyaka. Izinhlelo zokubandakanya umphakathi njengokuyisa isiShayamthetho kuBantu namaphalamende emikhakha ethize zizoqhubeka ngo 2019/20. IsiShayamthetho sizoqhubeka nokugxila kwizinqubo nezinhlelo ezidinga ukubuyekezwa noma ukushintshwa ukuze kusebenze i-FMPPLA. Ukhetho lukazwelone ngo 2019 kuhlelwe ngo May 2019, kanti kulindeleke lube nomthelela ekusebenzeni kweSishayamthetho, izinhlelo nokusebenza kwezimali (ngemuva nangaphambi kokhetho).

### **UMnyango wezemiDlalo nokuNgcebeleka**

UMnyango wezemiDlalo nokuNgcebeleka uthola uR479 million, uR506.6 million noR535.4 million ngeMTEF ukukhuthaza ezemidlalo nokungcebeleka ngezinhlelo ezahlukene nokwakhiwa kwezindawo zezemidlalo nokungcebeleka. Lokhu kungaphansi kwenjongo yokuhlinzeka impilo engcono kubantu.

Umnyango uhlela ukwakha izakhiwo zemidlalo nokungcebeleka ezingu 94, ezihlanganisa izindawo eziwayelekile zezemidlalo, ezokujima ezingu 33, izindawo zemidlalo ehlukene ezingu 22, izindawo zokudlala izingane ezingu 33, nokuphothula izindawo zokujima ezingu 4 zezfunda.

Umnyango uzogxila ekuhlinzekeni imincintiswayo yezemidlalo yezifunda, izifundazwe nozwelonke, ezizohlukanisa ngeyasebusika, eyasenkwindla neyasehlobo. Kulindeleke ukuthi abafundi abangu 20 000 babambe iqhaza kule miqhudelwano kanti zingu 400 izikole ezizothola izimpahla nezinto zokuggoka zemidlalo yezikole.

Uhlelo lokusungulwa kwamakilabhu luzosetshenziswa ukuhlela ezemidlalo emazingeni aphansi ukuze kusungulwe amaligi ahamba ngeminyaka azongena phansi kososeshini. Ngalokhu, kuzosungulwa amaligi eminyaka angu 135 ikakhulukazi kunobhutshuzwayo, elomnqakiswano ne-volleyball, abandakanya amkilabhu angu 1 100 azobamba iqhaza.

Ngokohlelo oluGquqquzelu ukuPhila kaHle (Healthy Lifestyle), umkhankaso we #Ichoose to be active uhlanganisa imidlalo ehlukene efana namaGolden Games, imiDlalo yeNdabuko, iBig Walk kanye noSuku lokuNgcebeleka. Lokhu kuyingxenye yemizamo eqhubekayo yokukhuthaza ukuba kuliwe nezifo nokukhuluphala ngokuzivocavoca.

### **UMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi**

UMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uthola uR235 million, uR242.8 million noR256.1 million kwiMTEF. Isamba esikhulu sale mali siya kumakomidi ezokuphepha emawadini, izinhlelo zokuphepha zemiphakathi kubandakanya iVoluntary Social Crime Prevention Programme, nokunakekela amaCommunity Safety Forums (CSF) namaCommunity Policing Forums (CPF), imikhankaso yokuqwashisa ngobugebengu, kanjalo nokuqapha ukusebenza kwamaphoyisa. Imisebenzi yalo mnyango yokulawula ubugebengu kulesi sifundazwe izolekelela kwinhlosongqangi yesiFundazwe yokukhulisa umnotho, kanti impokophelo enkulu kungukwakha isiFundazwe esinokuthula.

### **ISIPHETHO**

Uhla Iwezidingongqangi engike ngalubalula luzoba wuhlaka oluzolawula indlela esizosebenza ngayo kule minyaka emihlanu ezayo. Lesi Sabelomali esisivuselela namuhla sinika iminyango kanye nezikhungi zikhulumeni amandla okuthi kufezeke lokho esizibophezele kukho.

Ukuzibophezelu kwethu ekuqinisekiseni ukuthi sisebenzisa les isabelomali ngobunono nangendlela efanele akukapheli. Ngenxa yalokho, izinhlelo zikhulumeni zokunciphisa izindleko

ziyaqhubeka. Lezi zinhlelo zisenza sigxilise isabelomali sethu ezinhlelweni lapho sidingeka khona kakhulu ukuze sikhazi ukufezekisa izinhlosongqangi zesifundazwe esizibekelwe uMhlonishwa uNdunankulu.

Njengoba uMengameli wethu eshilo ukuthi asicabange iNingizimu Afrika esiyifunayo, ngyianincenga ukuthi sisonke lapha sisebenzele ukwakha iKwaZulu-Natal esiyifunayo.

Njengoba kuhlale kushiwo ukuthi ukuze iNingizimu Afrika ipumelele kumele ukuthi iKwaZulu-Natal ibe nempumelelo. Kungumsebenzi wethi sonke ukuqinisekisa ukuthi lokhu kuyenzeka. Izwe lethu liyothuthuka futhi lipumelele uma sikhazile ukwenza iKwaZulu-Natal yathuthuka futhi yaphumelela.

Siyokwazi ukwenza lesisi fundazwe ukuthi siphumelele uma siqinisekisa ukuthi sakha uhulumeni oqotho ezingeni lesifundazwe nalelo lohumeni basekhaya.

Ubungako bobuningi bethu, yisilinganiso somkhiqizo esiwufaka kwiGDP kanye nendawo isifundazwe sethu esimi kuyo kanye nezinto lesi sifundazwe esinazo, kuchaza ukuthi singakwazi ukuba nomthelela ekuhlonzeni indlela leli lizwe elizoyihamba eminyakeni emihlanu ezayo.

Njengoba uNdunankulu echazile ngesikhathi ethula iSOPA, ngisho ngabe sibhekene nezinkinga ezinkulu kangakanani asizona izisulu ezingenawo amandla okupuma kulezo zinkinga. Ngokubambisana nemiphakathi sesiqalile ukuzakhela ikusasa lentandoyeningi, lapho abantu belingana khona futhi elingacwasi ngobulili nelinempumelelo”

MaLungu aHloniphekile ale Ndlu, singenza iKwaZulu-Natal ibe ngcono. Njengoba sakwazi ukuthi sizikhipe obishini lodlame Iwezopolitiki, angingabazi ukuthi singazikhipa kulolu taku Iwezomnotho.

Kumele sakhe amaxhama okusebenzisana nokuyinto eyotshengisa ukuziggaja ngezwe lethu siyizinhlaka ezaahlukene. NjengeKwaZulu-Natal kuwumsebenzi wethu ukuthi sihole iNingizimu Afrika. Ngikusho lokhu ngoba sinezinto eziningi ezingekho kwezinye izifundazwe okubalwa kuzo amachweba, umhlaba ovundile, isimo esihle sezulu kanti futhi nangaphezu kwakho konke sinabantu abaziphethe kahle futhi abangahlulwa yilutho.

Kepha sidinga lonke usizo esingaluthola kwabezamabhizinisi azimele, abasebenzi, nomphakathi wonkana ukuze sikhazi ukuguqula izinto. Sibonga ibhange lesifundazwe, u-Absa, ngokusebenzisana noMgcinimafa wesiFundazwe ababeke ecaleni imalimboleko engu R70 million ezosebenzisana nezinhlelo zesikhwama iYouth Business Fund laphinde labeka eceleni uR500 million ukulekelela amabhizinisi amancane kanye nemifelandawonye abasebenzisana nohulumeni wesifundazwe. Siphonsela inselelo ezinye izikhungo kumabhizinisi azimele ukuthi basebenzisane nathi ekuthuthukisweni nasekukhuliseni umnotho walesi sifundazwe.

Ngiyathotshiswa wumsebenzi obekwe kimi kanti ngiyethembisa ukuthi umsebenzi wami wokuba wuNgqongqoshe ngizowubamba ngazo zombili.

Ngifisa ukubonga uMhlonishwa uNdunankulu Mnu Sihle Zikalala nozakwethu kuMkhandlu oPhethe wesiFundazwe ngokungeseka niglianganisa lesi sabelomali. Ngibonga eKomidini loNgqongqoshe ngeSabelomali. Njengethimba loNgqongqoshe sizibophezele ekuqinisekiseni ukuthi siyenza njengoba sayalelwa UMengameli.

Ngibonga ithimba loMnyango weZimali kuzwelonke ngosizo abasinika lona njengesifundazwe.

KuSihlalo namaLungu eKomidi lezeziMali eSishayamthetho, sizimisele ukusebenzisana nani kwisabelomali seMTEF ka2019/20, siphinde sizibophezele ngokungangamandla ethu ekunilekeleleni uma senidlala indima yenu yokuqapha.

Ngiyabonga Nhloko yoMnyango, Mnuz. Simiso Magagula, nethimba lakho elisebenza amahora amade ukukhiqiza imibhalo yesabelomali esicacile. Siyakubonga ukusebenza ngokuzikhandla kwenu.

Kuyintokozo ukuthi ngivuselele uMthethosivivinywa woKwabiwa keSabelomali sika 2019 ukuze sidingidwe yile Ndlu ngokusifunda kanye *ne-Estimates of Provincial Revenue and Expenditure* kanye *ne-Estimates of Capital Expenditure*. Nginethemba lokuthi inkulumo mpikiswano ngalesi Sabelomali izoba neyakhayo.

*Ngiyabonga.*